# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

49/2014 Intshumayelo ngesonto 15 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 28. 09. 2014

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

Izwi elongamela lelivikililotshiwe ku-1 Petr. 5:7, lithi: **"Niphonse izinkathazo zenu zonke phazu kwakhe, ngokuba uyanikhathalela."**

1. Iculo 189/169

2. **Umkhuleko:** "Uma uJehova engayakhi indlu, basebenzela ize abayakhayo; uma uJehova engalondolozi umuzi, umlindi wawo ulindela ize." Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lolotshiwe Genesise 2:4b-15;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku 1 Petru 5:5c-11;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Mathewu 6:24-34.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 215/147

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Izwi lentshumayelo** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe kuGenesise 2:4-15, lithi: "Lokhu kungumlando wokudalwa kwezulu nomhlaba ekudalweni kwakho mhla uJehova uNkulunkulu ewenza umhlaba nezulu. Kwakungakabikho sihlahla endle, namifino yayingakamili emhlabathini, ngokuba uJehova uNkulunkulu wayengakanisi imvula emhlabeni, kungakabikho muntu wokulima umhlabathi; kepha kwenyuka inkungu ivela emhlabathini, yanisela ubuso bonke bomhlaba. UJehova uNkulunkulu wambumba umuntu ngomhlabathi, waphefumulela emakhaleni akhe umoya wokuphila; umuntu waba kanjalo umphefumulo ophilayo. UJehova uNkulunkulu watshala insimu e-Edene ngasempumalanga; wambeka khona umuntu amenzileyo. UJehova uNkulunkulu wahlumisa emhlabathini imithi yonke ebukekayo, emihle, edliwayo, nomuthi wokuphila phakathi nensimu, nomuthi wokwazi okuhle nokubi. E-Edene kwavela umfula owamanzisa insimu; wahlukana khona, wabayizimbaxa ezine. Eyokuqala inegama lokuthi iPishoni; yiyo ezungeza izwe lonke laseHavila, lapho kukhona igolide; lihle

igolide lalelozwe; kukhona nenhlaka yebedola netshe leshokhamu lapho. Igama leyesibili linguGihoni; yiyo ezungeza lonke izwe laseKushe. Igama leyesithathu linguHidekeli; yiyo egobhoza ngasempumalanga kwase-Asiriya. Eyesine ingu-Ewufrathe. UJehova uNkulunkulu wayesemthatha umuntu, wambeka ensimini yase-Edene ukuba ayilime, ayigcine." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla leNkosi, nelithandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, lapho sifundiswa ngokudalwa kwezulu nomhlaba. Engingathi yikhona okuyinhloko kulentshumayelo yanamuhla: UNkulunkulu wakwenza konke lokhu, ekwenzela mina nawe, ukuze thina sibuse siphathe indalo yonke uNkulunkulu ayidalile.

Bandla, akukho lutho olwazivelela lona ngokwalo, kodwa uNkulunkulu wakhuluma izwi, konke kwasekuvela ngezwi lakhe. Kuyamangalisa ukuzwa abantu bethi: Konke kwazivelela ngokwakho. Lokhu kungamanga aluhlaza cwe! Wena uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukhona na? Uyakholwa kuNkulunkulu uYise neNdodana noMoya oNgcwele na? Uma ukholwa kanjalo, wenza kahle. Siboqaphela nokuthi uSathane uyalazi leliqiniso, futhi uyalikholwa, kodwa yena uSathane nempi yakhe kabasoze basho, noma bavume ukuthi uJesu uyiNkosi. Khumbula ukuthi ukuvuma ngomlomo akusindisi, ngoba ukukholwa ngokwempela kunguhlangana neNkosi uJesu, kanye nokubambelela kuye, kanye nokumthanda ngenhliziyo yonke, kanye nokuzama ukuhamba ngokwezwi lakhe.

Izwi lithi kwakungekho ngisho imifino naninani, kodwa uNkulunkulu wenza ukuba zibe khona izinto zokusiza umuntu emhlabeni, nokuba umuntu akwazi ukuphila ngazo ngokwasemhlabeni. Isifikile imvula zonke izimila zahluma waba muhle umhlaba kunakuqala. Siyazi ukuthi ugwadule alubukeki namehlo awalujwayeli, futhi awalujabuleli ngokunjalo namanzi ayindlala. Bunjalo nobusika, amehlo ethu awaboni ubuhle bokuthi kuluhlaza, kodwa konke kushile, komile. Okumangalisayo kakhulu ukuthi, zonke izizwe ziyazi ukuthi uNkulunkulu ukhona, kodwa azimesabi. Lokhu okubonakalisa ukuthi umsebenzi womthetho ulotshiwe noma ulwazi lulotshiwe ezinhliziyweni zazo, nonembeza wazo uyafakaza imicabango yazo, imangalelana noma ivumana.”

Yini kube khona imibuzo emininingi kangaka ngendalo kaNkulunkulu na? Ubuzelani ngokusho ukuthi uphi uNkulunkulu na? Awuwaboni umhlaba nakho konke okukuwo na? Ilanga, izinkanyezi, inyanga, imifula, izinhlanzi, kanye nezilwane zomhlaba. Konke lokhu akukutsheli ngoMdali omkhlulu? Umuntu yena uthi: Wadalwa ngubani? Wazidala yena ngokwekwakhe na?

Akuyena uNkulunkulu, iNkosi yamakhosi owadala umuntu na? Muntu kaNkulunkulu, yonke lemibuzo ngiyishiya ezandleni zakho ukuba uyiphendule ngokuchophelela. Yeka uthando olungaka lukaNkulunkulu lokuthanda mina muntu wokulahlwa nowokukhalelwa. Ngimbona uNkulunkulu ekhona emhlabeni nasezulwini. Okumangalisayo thina asimdumisi, asimbongi uNkulunkulu, kodwa izinyoni ezihlezi emihosheni noma ezihlahleni eziseduze nemifula ziyakwazi ukumdumisa nokumbonga uNkulunkulu ngamaphimbo azo.

Yebo, bazalwane, "uNkulunkulu uyakwazi ukubunjwa kwethu, uyakhumbula ukuthi siluthuli," Pes. 103:14. Nathi ake sikhumbule ukuthi siluthuli. Simbona uNkulunkulu ebumba umuntu ngomhlabathi, ephefumulela emakhaleni kuye umoya wokuphila. Umuntu waba kanjalo enomphefumulo ophilayo. Ake siqaphele ukuthi umuntu ubaluleke kangakanani kunezinhlobo zonke zezinto eziphilayo phambi kwamehlo kaNkulunkulu, noma phambi kobuso bakhe. Ake sikhumbule nevesana elithi: "UNkulunkulu wathi: umhlaba mawuveze izilwane eziphilayo ngezinhlobo zazo ... Masenze abantu ngomfanekiso wethu, basifuze, babuse phezu kwezinhlanzi zolwandle, nesinyoni zezulu, nezinkomo nomhlaba wonke, nezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni." Wamdala ukuba abuse phezu kwakho konke lokhu. Lapha sibona uNkulunkulu wenkululeko ethembekile othandweni lwakhe lokuba umuntu abe into ebalulekile endaweni yakhe yonke. Futhi impilo yomuntu ithe ukuphakama kuneyezilwane, lokhu sikwazi, ngoba uNkulunkulu wamdala umuntu ngomfanekiso wakhe.

Sizokhumbula ukuthi umuntu wayedalwe emsulwa, engenasono ukuze abheke uMdali wakhe emukele umusa kanye nokulunga kukaNkulunkulu, futhi abeke ithemba lakhe kuye, amlalele othandweni olupheleleyo nolweqiniso. Konke esinakho sakwenzelwa nguye uNkulunkuu, kepha akukho umuntu okwenzela uNkulunkulu. Njengoba umhlaba nakho konke okukuwo kwenziwa, kwadalwa nguNkulunkulu. Kufanele sikuphathe kahle njengabaphathi abathembele. Ngenxa yakho konke okuhle esikuthola kuNkulunkulu kufanele simbonge, simdumise, simkhonze, simethembe, simlalele. Sesibona umuntu elahlekelwa umfanekiso kaNkulunkulu, ngoba abantu bokuqala bazahlukanisa ngokungalaleli kwabo, badla emthini ophakathi nensimu yaseEdene. Ngokungalaleli kwabo kwangena isono nenhlupheko kanye nokufa kubantu bonke jikelele, Rom. 5:12-14. Nokunjalo uNkulunkulu akasilahlanga, ngoba wethembisa uMchobozi wekhanda lenyoka, yebo sewafika ngisho uJesu Kristu, uMsindisi wethu. Yebo! Bongani uJehova, ngokuba muhle, ngoba umusa wakhe umi phakade. Mbonge uJehova, mphefumulo wami, ungakhohlwa imisebenzi yakhe yonke yomusa."

Akukho lutho, bazalwane bami, esingathi kukhona utho umuntu alwenzela uNkulunkulu. Kodwa njalo uNkulunkulu ufunza umuntu ngezwi, nangamasu akhe entethelelo yezono, Ngakho nguNkulunku onguMenzi, umuntu ungumenziwa. UNkulunkulu watshalela umuntu insimu khona laphana eEdene ngasempumalanga. Futhi wambeka khona. Awu, yeka ikhaya elihle kangaka likaAdamu alishiya ngenxa yesono. Isono siyahlukanisa umuntu nento enhle ayenzelwe nguNkulunkulu. Imifula leyo singasho ukuthi yayinisela insimu leyo. Khumbula nokuthi uma inkungu siyenyukile ivela emhlabathini, yanisela ubuso bonke bomhlaba, uNkulunkulu wayesehlumisa emhlabathini imithi yonke ebukekayo edliwayo phakathi nensimu kanye nomuthi wokwazi okuhle nokubi. NguNkulunkulu owenza konke lokhu, akuyena umuntu. Ngasekugcineni umuntu wathola umyalo ovela kuNkulunkulu wokuthi, adle kuyo yonke imithi ngokuthanda kwakhe, kodwa angadli emthini wokuwazi okuhle nokubi, ngoba mhla edla kuwo uyofa nokufa.

Phela umuntu wayebekwe nguNkulunkulu kulesivande enenhloso yokuba uNkulunkulu abone ukuthi uyalalela umyalelo wakhe, ayilime insimu, ayigcine, ngamanye amazwi abe umgcini nomlindi waso lesivande. Umuntu akaziyelanga kuso, kodwa uNkulunkulu wambeka khona, kubantu abamsholayo uNkulunkulu ngokuthi wayembekelani khona kusho ukuthi wayenenhloso okuthi umuntu awele esonweni. Qha, bazalwane, akunjalo, lokhu kungamanga. Yebo, uNkulunkulu wamthatha. Wasipha thina uJesu ukuba abe inhlawulo yezono zethu ukuze uNkulunkulu abuyisane nami nawe, thina sibuyele kuye. Yeka, uthando lukaNkulunuluu oludlula ukuqonda nokwazi konke, yebo loluthando lwakhe lwasibamba, futhi-ke masingasuki kulo, nakubo ububele nomusa wakhe. UNkulunkulu uyasikhathalela. Kodwa thina senzani na? UNkulunkulu unguMenzi, akukho muntu owenzela uNkulunkulu. Thina senzelwa, sathandwa kangaka nguJesu Kristu. Yebo kwaze kwaba sekufeni esiphambanweni. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, londoloza ukuphuma nokungena kwethu egameni loMsindisi wethu uJesu Kristu Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 158/1, noma 178/171

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2008/2014 ngu-E. Mkhabela.
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.